# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

42/2014 Intshumayelo ngesonto 08 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 10. 08. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 137/120

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga ngoJesu Kristu iNdodana yakho othandekayo, ngoba senziwe sibe yizinceku zakho ngomusa wakho, sahlengwa ekufeni okuphakade. Sesiyacela kuwe ukuba usithelele uMoya wakho oNgcwele enhliziyweni yethu ukuba asisize ukuba isono singabe sisabusa imizimba yethu efayo, kodwa sinikele izitho zethu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 5:8b-14.

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 5:13-16.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 23/24

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kwabaseRoma 6:19-23, lithi: "Ngikhulumisa okomuntu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu. Ngokuba njengalokho nanikela izitho zenu zibe-yizinceku zamanyala nezokungalungi kwaba ngukungalungi, kanjalo nikelani manje izitho zenu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa. Ngokuba lapho niseyizinceku zesono, nanikhululekile maqonda nokulunga. Ngalesosikhathi naninezithelo zini na? Eseninezinhloni ngakho manje; ngokuba ukugcina kwalokho kungukufa. Kepha manje, senikhululiwe esonweni nabangabakhonza uNkulunkulu, ninazo izithelo zenu kube ngukungcweliswa nasekugcineni ukuphila okuphakade. Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, izwi lentshamyelo lesonto lanamuhla lithathiwe encwadini kwabaseRoma. Lencwadi iyincwadi inye yezincwadi zomphostoli uPawulu ezidumileyo kakhulu. Impela naye uLuther wayeyithanda kakhulu, ngokuba ifakazela ngokuyikho nangokukhanya okukhulu udaba lokuthethwa kahle kwesoni phambi kukaNkulunkulu ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho. Njengoba nathi esingamakholwa esikhathi sanamuhla, sithanda ukuhamba, njengalokhu sifundiswa ngokomthetho, siyaqonda ukuthi kuyisidingo esikhulu ukuba nathi sifundiswe, sikhanyiselwe njengalabaya basendulo. Ngakho lokhu, bandla, njengoba siphila esikhathini somusa esiwulungiselwe nguNkulunkulu ngeNdodana yakhe uJesu Kristu, masingadlali ngomusa lowo ngokubuyela ezinkanukweni zenyama, zokuswela ukwazi. Ngakho lokhu masilaleleni isihloko sokufundiswa kwethu namuhla esithi:

**Amakholwa enziwe abe yizinceku zikaNkulunkulu ngomusa wakhe kuphela.**

1. Ngakho lokhu akufanele ukuba anikele izitho zawo zibe yizinceku zokubi namanyala.

2. Ngokuba ngomusa banezithelo zokulunga kube ngukungcweliswa kuKristu.

1. Amakholwa enziwe abe yizinceku zikaNkulunkulu ngomusa wakhe kuphela. **Ngakho lokhu awafanele ukuba anikele izitho zawo zibe yizinceku zokubi namanyala.** Bandla, kungombhapathizo kuphela senziwe sibe ngabantwana bakaNkulunkulu. Ngawo umuntu wethu omdala ubethelwe kanye noKristu ukuba umzimba wesono uphele, ungabe usona, nathi uqobo singabe sisona, singabi izinceku zesono, njengalokhu uPawulu umphostoli esho ukuthi: "Kepha abakaKristu Jesu babethele esiphambanweni inyama kanye nokuhuheka nezinkanuko," Gal. 5:24. Futhi umphostoli ukhuluma kanje, uthi: "Anazi yini ukuthi niyithempeli likaNkulunkulu nokuthi uMoya kaNkulunkulu uhlala kini na?" 1 Kor. 3:16. Futhi maqondana nemizimba yethu izwi likaNkulunkulu liyasiluleka, lithi: "Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na?" 1 Kor. 6:19. Lamavesana aphawuliwe ngenhla ayasichasisela ukuthi abembathisiwe uKristu ngosuku lwabo lombhapathizo benziwe ngumbhapathizo ukuba phambi kukaNkulunkulu bemi kanjani, naphambi komhlaba futhi. Abasesizo izigqila, ngoba izigqila zinovalo njalo. Futhi oyisigqila usahamba esonweni njalo engenamahloni, usathokozisa izinkanuko zomzimba wakhe njalo.

Ngakho simelwe ukubatshela ukuthi mina engembathisiwe uKristu Jesu embhapathizweni, loJesu ungophilayo, osebenzayo kimi; nokuthi ngaye uJesu abangamaKristu bangukukhanya kwezwe nosawoti wezwe, Math. 5:13-14. INkosi uqobo ithi: "Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila," Joh. 8:12. Ngakho ngiphakamisa iphimbo lami kubo bonke abadukisiwe nguSathane, bezinikele ekudakweni, nasezinkanukweni zenyama, nabo ababanjwe ngomthwalo, benabantwana bengazi oyise, nabo abazama ukubulala abantwana abavelile ngalendlela ukuba bakhumbule ukuthi ukugcina kwalokho kungukufa. Ngithi: Yekani ukudakwa, nobufebe, nokubuswa yizinkanuko zemizimba, nidabuke ngenhliziyo yonke, nibuyele ngokusha embhapathizweni wenu, nibe eniyikho ngomusa kaNkulunkulu, ninikele izitho zenu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa.

2. Amakholwa enziwe abe yizinceku zikaNkulunkulu ngomusa wakhe kuphela. **Ngakho lokhu anesithelo sokungcweliswa ngaye uKristu, okugcina kwakho kungukuphila okuphakade**, njengokusho kwezwi elithi: "kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu," Rom. 6:23. Bandla, ngokwempela kungokuthokozisayo ukuzwa ukuthi lapho sihlengwa ekufeni, sizihlolisise ngokubuza ukuthi sizobalekela kubani, nokuthi sizobonani, sizotholani. Khona izwi likaNkulunkulu liyasikhombisa iWundlu likaNkulunkulu, elibekezele ukuhlushwa ngothando olukhulu, lathwala izono zezwe ukuba izwe libone ukulunga ngalo ngegazi lalo, njengokusho komphostoli uPetru ukuthi "... ukuze ukuvivinywa kokukholwa kwenu okuyigugu kunegolide elibhubhayo kube ngukubongwa, nodumo, nokutuseka ekwambulweni kukaJesu Kristu; enimthanda ningambonanga, enithi ningamboni manje nikholwa nguye, nithokoza ngentokozo engakhulumekiyo netusekayo," 1 Pet. 1:7-8. Ngokwempela amazwi lawa ayathokozisa, ayethandeka, ngokuba ayasusa ukungabaza okuvelayo maqondana nokukholwa kwethu kulezizinsukwana. Kuphela kuyadingeka ukuba siqinisele ekukholweni, makube njengokuhlabelela kwethu ukuthi ukukholwa kwami, ukukholwa kwami, ukukholwa kwami angikwazi ukukulahla, ukukholwa kwami, njengalokhu uPawulu umphostoli elulekile abaseEfesu ngokusho ukuthi: "Ngokuba kade naningubumnyama, kepha manje ningukukhanya eNkosini; hambani njengabantwana bokukhanya," Ef. 5:8; nokuthi: "nihlole ukuthi kuyini okuthandeka eNkosini, ningahlanganyeli imisebenzi yobumnyama engenazithelo, kepha kunalokho niyidalule," Ef. 5:10-11.

Ngakho lokhu bandla, ake sesabe ukunikela izitho zomzimba wethu zibe izigqila zamanyala nokungalungi okugcina kwakho kungukufa, kepha siqinise, siqonde ukuthi ngomusa kaNkulunkulu senziwe sibe izinceku nabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa nguKristu Jesu. Futhi ngaye uKristu sinezithelo zokungcweliswa okugcina kwakho kungukuphila okuphakade okutholakala kuphela ngokukholwa nguJesu Kristu, nokumphilela kulesisikhathi sisaphila lapha emhlabeni. Ngakho lokhu makubongwe, kudunyiswe umusa lowo okhona njalo-njalo ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, sibonga intshumayelo yezwi lakho, ngokuba ngayo usiqondisile ukuba sesabe isono, siphathe izitho zomzimba wethu njengabantwana bokukhanya ngokugwemela ubufebe namanyala. Manje sesenziwe sibe ngabantwana nezinceku zakho mawusisize ukuqonda leliqiniso, siphile ekungcwelisweni, nasekugcineni samukelwe embusweni wakho wenkazimulo, sibe nokuphila okuphakade ngakho ukuzalwa kwakho, nangokufa kwakho, nangokuvuka kwakho, Jesu Kristu, Nkosi, Msindisi wethu Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 241/206

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-ngo-1992/2002/2008 /2014 ngu-T. Ratshefola

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.